

THUTO BOHLALE SECONDARY SCHOOL



THASKI -6

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

IBANGA:8

Isamba :60

Isikhathi : amahora elilodwa nemizuzu eyishumi nanthathu

LOMHLAHLANDLELA UNAMA KHASI AYISI-7

INDLELA YOKUMAKA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi kugxilwe emqondweni wempendulo, ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/ asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama angeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inikeze lona lokho kuyavumeleka.

3. Imibuzo edinga impendulo enjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa mamaki kodwa indlela umfundi asekelo ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/noma UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekelo ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfund abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/ amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe, uyawathola amamaki lapho umfundi ebhale impendulo ephelele kanje: A. Zamahlangu/ A (Okuwuhlamvu oluphelele).

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1 uPatrice Motsepe ✓ (1)
- 1.2 Izizathu ezenza abantun baduke nezwe (2)
- Incindezi abayithola emndenini yabo emayelana nemali ✓ ✓
 - Izinkinga emndenini yabo ✓ ✓

(impendulo eyodwa kulezi)

- 1.3 okwenziwa abesifazane uma benemali ngesikhathi sikaKhisimusi (2)
- Bawola isitolosonke sokudla ✓
 - Abaphumi esitolo uma sebengenile ✓
 - Behla benyuka beqhuba izingqola ezitolo ✓
 - Bathenga kakhulu izingubo nokudla ✓

(okubili kwalokhu okungenhla)

- 1.4 B/ukuncishana ✓ (1)
- 1.5 Inyanga kaMasingana ✓ (1)
- 1.6 Ukubhubhudla imali kusho (2)
- Kusho ukudla imali yonke ungalicabangeli ikusasa ✓ ✓
 - Ukusebenzisa yonke imali onayo ngesikhathi esisodwa ✓ ✓
 - Ukusebenzisa imali ngokunganaki nobudedengu ✓ ✓

(impendulo eyodwa kulezi ezingenhla , nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

- 1.7
- Bagcina bengenayo Imali yokubuyisela izingane eskoleni ✓ ✓
 - Basuke bengenayo imali yokubuyela emsebenzini ngenyanga kaMasingane ✓ ✓ (2)
 - Imali yokudla basuke bengenayo ✓ ✓
 - Imindeni yabo icela izidingo kubo ✓ ✓

(eyodwa impendulo kulezi ezingenhla)

- 1.8 YEBO siyahambisana ✓, isihloko sithi ubunzima obubhekene nabantu, kanti umbhalo ukhuluma ngobunzima bezikweletu nokushoda kwemali abantu ababhekene nabo ✓ (2)
- 1.9 ● Kusho ukuthi bagcina besebenzela ukukhokhela omashinisa imali ✓ ✓

- Bagcina bekweleta omashonisa imali eshisiwe ✓✓ (2)

(nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

1.10 Okubili okungeziwa abantu ukugwema izikwetu

- Ukonga imali unyakawonke ukuze isebenze ngo zibandlela ✓
- Ukuqala amabhizinisi ukwandisa imali ✓
- Ukubeka imali ngamaqembu ✓

(nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

1.11 Angizwelani ✓, ngoba kubalulekile ukuba nekhaya kuqala ngaphambi kokuthi ube nemoto ✓✓ (3)

(nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

[20]

UMBUZO 2 (OBUKWAYO)

Umbhalo B

2.1 ukutheza ✓✓ (2)

2.2 Bayisi hlanu / bayi-5 ✓ (1)

- Ukushesha kokuphela komsebenzi ✓
- Ukusizana uma kuvela amaphutha ✓
- Ukuthelelana kolwazi eqenjini ✓ (2)

(nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

- Kungasiza ukupheka ukudla uma ugesi ungekho ✓
- Kungasiza ukukhanyisa uma sekumnyama ezindlini ✓ (2)

(nezinye izimpendulo ezinembayo zamkelekile)

2.5 Angivumelani ✓, bonke abantu bengakwazi ukusebenza ngkuzimisela nokuzikhadla ngale kobulili babo ✓✓ (3)

10

UMBUZO 3: UKUFINGQA

UMBHALO C

[10]

Amaphuzu acashuniwe	Amaphuzu ahumushiwe
. Phuza amalitha amabili amanzi njalo ngosuku ukuze igazi lizogijima ngendlela efanele.	Phuza amanzi amaningi osukwini ukuze igazi ligijime
Khulisa inani lezakhamzimba ekudleni kwakho ukuze izinwele zondleke.	Yidla ukudla okunomsoco ukuze izinwele zakho zibe nempilo
Gcoba ujusi ka-anyanyisi ezinweleni zonke bese uwushiya usebenza imizuzu engama-30 Yize iphunga lika-anyanisi liqinile	Sebenzisa amanzi ka -anyanisi ezinweleni zakho uwushiye imizuzu engama 30 ukuze usize izinwele zakho
Phuza ujusi wamagilebhisi abomvu okungenani kanye ngosuku ukuze izinwele zakho zondleke	Yidla amagilebhisi abomvu uphuze namanzi akhona ukuze izinwele zakho zondleke
Geza ngamanzi e-Rosemary nsuku zonke ukulwa nokulahlekelwa umbala wezinwele kanye nokuqeda inkweth	Washa izinwele zakho ngamanzi e-Rosemary ukuvimba ukulahleka umbala wezinwele
Sebenzisa uwoyela kakhukhunathi kaningana ngesonto ukushiya izinwele zithambe ngendlela ejabulisayo.	Zijwayeze ukufaka uwoyela ka khukhunathi ezinweleni zakho ukuze zihlale zisesimeni esihle
Gcoba uwoyela wejoba ezinweleni ukubuyisa izinwele ezilahlekile	Sebenzisa uwoyela we joba ukukhulisa izinwele eziphumile ekhanda

(amanye amaphuzu anembayo avumelekile)

OKUQUKETHWE: Imaki eli-1 ngephuzu elishaya emhlohlweni = amamaki ayisi- 7
Ungamuphuci umfundi amamaki ngamaphutha esipelingi kanye nolimi uma engawuphazamisi umqondo.

ULIMI: Nikeza amamaki ngendlela ehleleke ngezansi ukugwema okudidayo ngamamaki olimi adlula lawo anikeziwe. 1-3 amaphuzu afanele= + imaki eli-1 4-5 amaphuzu afanele = + amamaki ama- 2 6-7 amamaki afanele = + amamaki ama- 3

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

- 4.1 ● uMadonsela ✓ (2)
● uHulumeni ✓
- 4.2 uQaps Mngadi ✓ (1)
- 4.3 **okubili** okukhomba ukuthi lomama umangele
● Amehlo akhe avulekile kakhulu ✓ (2)
● Ubambe eqolo ✓
- 4.4 Amanzi, ugesi ,izikole ,imigwaqo nezibhedlela ✓✓ (2)
(izimpendulo ezimbili zezinkinga zomphakathi zamkelekile)
- 4.5 Ukudinwa :ukucasuka ✓ (1)
- 4.6 Isilwane ingulube siyiisilwane esidla ngokunganaki sidla noma ikanjani
ngaphandle kokucabanga , nohumaninwenza njalo imali yezidingo zabantu ✓✓ (2)

[10]



UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI.

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

UMBHALO E

5.1 isitha✓ (1)

- 5.2 ● Izingane zinengcindezi **futhi** Izingane azikwazi ukuzicabangela✓✓ (1)
● Izingane zinengcindezi **ngoba** Izingane azikwazi ukuzicabangela✓✓ (2)

5.3 Izingane **zizoba** nengcindezi.✓ (1)

5.4 **izingane**✓ (2)

(imisho eyehlukile eyakha umqondo yakelekile)

5.5 uMgobhozi uthi izingane mazithathwe njengabantu abakwaziyo ukucabanga nabanemizwa✓✓

5.6 Wo hhe! zajika izinto.✓✓ (2) **[10]**

AMAMAKI ESEWONKE : [60]